**POSSIBLE ANSWERS FOR:**

**IsiZulu Ulimi lokuqala**
**Izinga eliphezulu**
**Iphepha lesithathu**

**AMAMAKI: 120**

**Isikhathi : 2½ Amahora**
**Imiyalo**

- Sebenzisa ulimi oluhluzekile nezimpawu zokuloba ngokuyikho
- Wuhleie kahie umsebenzi wakho
- Nombola njengasephepheni lemibuzo

**ISIQEPHU A**
**UMBUZO 1**

**UKUMAKWA KWENDABA**

INDABA MAYIVEZE: (14)

A **Ingqikithi:**

Ukuthi umfundi uyakwazi ukuhlela akushoyo ngokufanele (effective Communication of content). Lokhu kuzobonakala ngalezi zimpawu

- ❖ Icacise bha ngokuzayo / okungalindeleka.
- ❖ Indaba ebekwe ngokucacile nangokulandelana kwamaphuzu/kwezigameko.
- ❖ Ukuchaza noma ukucacisa ngezibonelo
- ❖ Ukungaphumi esihlokweni.
- ❖ Ukufanisa nokuqhathanisa.
- ❖ Ukuveza eyakhe imibono nokwethuia izixazuluio zezinkinga.

B **Isakhiwo** (8)

Akuvele ukuthi umbhali unalo ikhono lokuhlela indaba yakhe Ngobunyoninco. (Structure, organisation mechanical ability). Lokhu Kuzobonakala ngokuthi indaba ibe nalokhu:

- ❖ isihloko, Isingeniso, Isiphetho.
- ❖ Amapharagrafu ahleleke kahle: ieyo naleyo iqukethe umqondo owodwa omusha
- ❖ Ukubonakala kwesiphetho sendaba.

C **Isitayela** (8)

- ❖ Ikhono lokuveza imiqondo emisha nemicabango yakhe
- ❖ Ubuciko bomfundi ekubhaleni indaba yakhe (creative ability). Kuzobonakala

D **Ulimi** (10)

Ikhono lomfundi lokucabanga ngendlela enobuhlakani. (Critical thinking skills). Lokhu kuzovela ngokuthi umbhali wendaba aveze ukuthi uyakwazi:

- Ukusebenzisa ulimi olufanele sebenzisa amagama okukhuluma amukekelekile.
- Isipeiingi esiyiso negrama efanele
- Izimpawu zokubhala ezifanele.
- Ukuhlanganisa nokuhlukanisa amagama ngendiela efanele.
- Umfundi asebenzise izimo zokukhuluma njengezifengqo, izisho ukugcizelela nokugqamisa imibuzo izitatimente ngenhloso yokuheha umfundi nezindatshana ezigqamisa okuthile.

/40/

## UMBUZO 2

2.1 **INCWADI YEBHIZINISI**

UKUMAKWA KWENCWADI

**Isakhiwo sencwadi** **(8)**

Ikheli lokuqala (1)
Ikheli lesibili (1)
Isibingelelo (1)
Isihloko sodaba (1)
Isiphetho (2)

usuku (1)
iya kubani (1)

**Ulimi** **(5)**

**Okuqukethwe** **(7)**

/20/

## UMBUZO 3

3.1 **IMEMORANDAMU / INDABAMBIKO**

**OKUQUKETHWE** (10)

Kulindeleke ukuba, iveze okunye kwalokhu:

i. Ukukhumbuza okuthile / ukwazisa
ii. Ukululeka ngokuthile / ukugunyaza
iii. Ukuchaza okwenzekile / ukucela
iv. Ukuxhumanisa nokwenziwa kokuthile

**ISAKHIWO** (5)

- Igama lenhlangano (1)
- Isuka kubani iya kubani (nesikhundla sakhe) (2)
- Usuku lubhalwa luphelele isib. 2/2 Agasti 2002 (1)
- Isihloko sesimemo (1)
- Ukusayina nesikhundla

**UKUSETSHENZISWA KOLIMI** (5)

- Luba senkathini edlule (1)
- Luba sohlelweni lomuntu wokuqala (1st person) (1)
- Kuba wulimi olwejwayelekile (1)
- Kubekhona izimo zenkulumo (2)

/20/

3.2 **AMAMINITHI OMHLANGANO**

**Isakhiwo** (7)

Igama lomhlangano
Uhlobo lomhlangano
Usuku / isikhathi / indawo
Ukuvulwa kwamaminithi
Ababekhona / abaxolisile
Izihlohlokwana ezidingidiwe
Igama likanobhala 1x7 = (7)

**Ukusetshenziswa kolimi** **(5)**

Bhala Ube inkathi edlule
Akube yinkulumombiko kungabiyona inkulumoqho
Makusetshenziswe ulimi olwamukelekile
Ukupela nokuhlukaniswa kwamagama kubhekelelwe

**Okuqukethwe** **(8)**

Amaminithi awakhumbuze okuthile okugaba umthetho sisekelo wesikole.
Iziphakamiso zigqame nezinqumo. [20]

**UMBUZO 4**

4.1 **UHLELO LOKUZAZISA**

**Okuqukethwe** (4)

Bheka ukuthi kuvezwa konke okuqukethwe njenga:
Igama, isibongo, usuku lokuzalwa, ikheli, umazisi, umakhalekhukhwini, isikole, imfundo, umsebenzi

**Isakhiwo** **(4)**

Kubhalwa kube ngamakholoni amabili (1)
Ukuhleleka kweCV. Ube izigaba: Ngokuzethula, imfundo, umsebenzi (3)

**Ulimi** **(2)**

Bheka ukupelwa kwamagama
Ukuhlukanisa amagama ngokuyikho /10/

**UHLELO LOKUZAZISA**

**Ukuzethula**

| | |
|---|---|
| Isibongo | : Mtshali |
| Igama | : Themba |
| Usuku lokuzalwa | : 7611140733 089 |
| Ikheli lasekhaya | 1887 Ntuzuma Road. |
| Umakhalekhukhwini | : 083382 0936 |
| Inombolo kamazisi | : 14 Novemba 1966 |
| Inani lezingane | : Iyodwa |

| | |
|---|---|
| Isimiso somshado | : Angishadile |
| Engikuthandayo | : Umculo nekhompyutha |
| **Imfundo** | |
| Makhutha Junior Primary School<br>P.O. Box 61<br>Ntuzuma | : Izinga 1-7 |
| Bhuhlebuyeza School<br>P.O. Box 61<br>KwaMakhutha | : Izinga 8 –12 |
| Izifundo zika Matikuletsheni | : IsiZulu HG. English HG, Business Economics HG, Economics SG Mathematics SG |
| **Umsebenzi** | |
| Pick 'n Pay | : Amatoho |
| Engikwenzayo | : Ukulungisa ugesi |
| **Abangathintwa ngami** | |

| | | |
|---|---|---|
| Rev. B.F. Majola<br>Mahon Evangelical Christian Church<br>P.O. Box 90<br>Vereeniging<br>Diepkloof<br>1868<br>(011) 938 8000 | kanye no - | MNU. JT Genge<br>Pick n Pay<br>P.O. Box 600<br>Pretoria<br>ORMOND<br>2000<br>(012) 493 0978 |

(10)

**ISIQEPHU C**
**UBUCIKO BOMLOMO**

**UMBUZO 5**

---

Inkosi yinkosi ngabantu C.T.Msimang

5.1 Ubunganekwane obulindelwe uma kuphendulwa umbuzo yilokho okungakholeki okwenzeka endabeni noma kuyinganeko ethi "Inkosikazi Esenyangeni" ukuthi isenzo esifuze leso sasingenzeke yini esikhathini sethu?Abahlolwa kumelwe babe nolwazi oluphelele ngenganeko abayibuziwe ukuze kucace kahle ezimpendulweni zabo uma bephendula umbuzo.

Isisusa sendaba kuba ibala elibonakala uma inyanga esesibhakabhakeni igcwele.Ibala nanamuhla libonakala lifana nenkosikazi etete ingane futhi ithwele inyanda yezinkuni ekhanda.Namuhla sekukhona izitofu zikagesi intsha eningi bantula ulwazi ngokutheza lokho kwabaningi bangakuphika ukuthi kungenzeka. .UZulu incazelo yendabuko noma imvelaphi ngebala elisenyangeni.Uthatha inkolelo esebhayibhelini yamaKrestu ethinta iSabatha. Lapho kuqhakambiswa umthetho wokuhlonipha iSabatha nokujeziswa kwabehluleka ukuligcina.

Indodana kaNkulunkulu yazama ukuchaza indaba yeSabatha kubaFarisi okufakazela ukuthi amaKrestu amaningi ayavazi.Nanamuhla amaKrestu angamaSabatha ayalihlonipha iSabatha ngemiGqibelo aya ezinkonzweni usuku lonke akawuthinti umsebenzi, awapheki avele azihlalele.Ukuqiniseka ngalokho impilo enjalo iyaziwa, bangakutshela lokho.Kepha nabo bayakufakazela ukuthi uma behlulekile ukugcina iSabatha amashwa ayabavelela bazokhomba kulo iSabatha ukuthi behlulekile ukuligcina yiso isizathu esenze ukungabahambeli kahle kwezinto ezithile .Uma beligcina izinto zibahambela kahle.

Mandulo ababehluleka ukugcina iSabatha babejeziswa kabuhlungu.Indaba yenkosikazi esenyangeni uZulu uyisusela eBhayibhelini.Lapho inkosikazi yajezisa kabuhlungu ngenxa yokwehluleka ukulalela.Isono sale nkosikazi ingane yayo yayiphethwe yindlala ifuna ukudla.Kwakungekho eyayingakwenza inkosikazi ngisho namanje abesimame ngezingane zabo bakutshela ngokusika kwesisu uma bezwela izingane zabo. Inkosikazi yaqhutshwa uzwelo lwabesimame.Wenza izaba ukuze ingane ithole okuya ngasethunjini.Imibono ingehluka iningi lingasibona kuyisenzo esihle.Kepha kuNkulunkulu kwaba yindelela. qhathanisa indaba ka-Eva no-Adamu,waphetha ngokumjezisa ngokuphanyeka ihlongandlebe le nkosikazi ebhamuzeni elimhlophe ukuze isintu

sifunde ukulalela nokuhlonipha uNkulunkulu.Lokho sekuba incazelo yebala elisenyangeni.Le ncazelo etholakala enganekweni ayikholeki noma ubunganekwane.

Kulindeleke ukuba uthisha abe nekhono lokuphatha abafundi.Uma abafundi bemdelela wayeshaya oyedwa kabuhlungu.Abanye ababona ngendlela athukuthela ngayō abangeke baphinde bamdelele bazomhlonipha.Singakuthatha ukuthi wenze isenzo esifana ncimishi nesenkosikazi yasenyangeni.Kuthiwa uyasampula ngawe noma usika ukhasi.

Maningi amazwe angomakhelwane lapho izigilamkhuba zijeziswa ngokulengiswa.Kwamanye amazwe izigilamkhuba ziyadutshulwa,zishiswe nokuhlukunyezwa ngogesi zize zishone.kwamanye amazwe bakhishwe izitho zozimba ezithize kuthiwa kuyisifundo kulaba abahlela ukwenza izenzo ezinjalo ukuthi bazokwesaba.Hleze isisusa sokudlondlobala kobugebengu eNingizimu Afrika ukuthi isijeziso asinzima kangakho. (30)

Noma

5.2.1 Ukuxhumana okutholakala kulesi sithakazelo
- Ukuxhumana okuyinxemu – Si<u>biya</u> ngenkomo
  Abafokazana be<u>biya</u> ngamahlahla
- Ukuxhumana okuyinxemu – Nina bakwaNkom'<u>isengelwa</u> emaweni
  <u>Ingasengelw</u>'esibayeni akuyona eyakhona
- Ukuxhumana sigcino – Okwapnekwa <u>esendlini</u>
  Kwaze kwephulwa <u>esendlini</u> (6)

5.2.2 Bacebile babizwa ngoNkomo futhi ezingamahlahla ngobuningi bazo ziphinde zisengelwe emaweni.Bahlala ngokuzivalela ezindlini ngenxa yokuncishana uma kuphekiwe.

5.2.3 Umlando nobunjalo bohlobo oluthile baleso sibongo.Okunye ukubonisa ukuzwana nokuthinta umuntu kwamancane nokujabulelana kohlobo lolo lwaleso sibongo. (3)

5.2.4 AbakwaGumede ngoba kuthiwa "uGumede kaNdaba" (2)

5.2.5 Umoya wokutusa ubugwili kwabakwaSibiya. (2)/15/

5.2.6 Impendulo:Ngeke kusale lutho ngoba lana angawashayanga ngetshe azobaleka onke.(2)

5.2.7 Esiyinkinga ngoba yethuliwe inkinga kulindelwe isixazululo. (2)

5.2.8 Nazi izinhlobo zeziphicaphicwano
- Esifushane-Ngikuphica ngenkatha yezwe
- Eside-Ngikuphica ngabantu bami okuthi lapho bajabule bavunule ngemijiva eluhlaza;kuthi lapho beiabhile ngezimhlphe eziluthuqasana.- Impendulo Utshani bujabula bube luhlaza;bujabhe ebusika bube mhloshana.
- Zamandulo:Nginiphica ngenkomazi yami ethi ingakhalima bese izisenga – izulu

- Zesimanje: Ngikuphica ngomuntu wami othi kumngani wakhe:"Phuma ngapha mina ngizokuphuma ngapha.sesiyohlangana phambili"- Ibhande. (5)

5.2.9 Zingumdlalo onguqedisizungu kepha esikhathini samanje udlalwa eshashalazini lapho abahlabene baklonyeliswa ngemali.Ukukitaza umphefumulo nokuchukuluza ingqondo zabantu futhi kubalulekile iziphicaphicwano bayaklonyeliswa abaphumelele futhi uyadlalwa kumakhompiyutha .Ezikolweni kukhona ukuncintisana kokuchukuluza ingqondo. (3)

5.2.10 Umphici (igosa) uyabatshela ukuthi uyabaphica bese abadlali bazobuza ukuthi ngani bese umphici asho isiphicaphicwano leso; abadlali .bazozama ukuqagela impendulo ngamunye uma behluleka singathengwa nokuthengwa,njll.(3)/15/(30)

Noma

**UMBUZO 6**

Umlabalaba O.E.H.M.Nxumalo

6.1 UMdenjana Mtshali noZanazo Malinga babengaba yizibonelo zothisha abafanelekayo besikhathi samanje.Kepha uMalusi Mtshali yena ubengeke akufanelekela ukuba nguthisha oyisibonelo sesikhathi samanje.Uyise kaMdenjana uyir... :handa ukuba yisibonelo emphakathini lokho ukutshela uMdenjana ukuthi aziphathe kahle angamdumazi.Ukuba yindoda eyikhathalelayo imfundo ngoba etshela uMdenjana ukuthi angafunda aze agcine lapho ethanda khona.Lezo ziyizisekelo ezinhle zokuba yisibonelo sikaMdenjana sokuvulekelwa ngamathuba emfundo ayokwazi ukuyifundisa abafundi.Kuliqiniso ukuthi izingane ezinamathuba okufunda baze bagogode abaningi abawasebenzisi nakuye uMdenjana bekungahle kwenzeke lokho kepha,abahlolwa abakuphawulayo kumelwe basekele ukwenza kukaMdenjana.Ikholishi yokufundela ubuthisha "Ikhanya Njalo College of Education"yayinemiphumela emihle inemigomo eqokothile noma ephakeme yokuqeqesha abafuna ukuba ngothisha,ngalokho sibheke ukulolongeka okuhle kukaMdenjana,noZanazo ukuba babe ubhaqa oluhlala lukhanya njalo emphakathini.

Obunye ubufakazi obusiqinisekisayo incwadi yokuncoma evela lapho ayefunda khona.Akukho nokuncane okubi ekushoyo okusolisayo ayekwenza uMdenjana futhi incwadi encomayo imvulela amathuba okuba afunde ekholishi.Lokho kuwubufakazi bokuthi uzoba yisibonelo esihle sokuba nguthisha wangempela wesikhathi samanje.Ukuphumelela kukaZanazo ukuthola incwadi enhle encomayo kujabulisa abazali futhi kuvule amathuba amahle kathisha ozoba yisibonelo nangesikhathi samanje.UMalusi Mtshalieyakhe incwadi yokuncoma imvalela amathuba okungakwazi ukuqeqeshelwa ubuthisha.Ngalokho kumenza singakwazi ukusho ukuthi wayengaba yisibonelo sikathisha owayengakufanelekela ukufundisa esikhathini samanje.Nokho imibono ingehluka uma isekelwa ngezibonelo ezifanele izokwamukelwa.

Siphila ezikhathini zezinguquko kwezemfundo okudinga ukukhuthazela nokuzimisela ukuzikhandla.Abaningi sebathi maluju sekwanele,abanye kwacisha ubhaqa lwemfundo nokukhungatheka kuyinhlayenza.Kunezinselele eziningi ezidinga isisekelo semfundiso eyatholwa nguMdenjana ukuze kuhlungwe othisha abayizibonelo , kubothisha ababezofana noMalusi.Ngalokho ukuba yisibonelo akumane kuzivelele kepha kudinga isisekelo esihle sokubambisana kwabazali abafana noyise kaMdenjana kanye nemfundiso yabo enhle yokuzihlonipha.Ngempela umbala uchacha enkonyaneni emfundiso evela kubazali iyisipho sokuphila nempumelelo ezinganeni.Kuningi esikushiyile okuyizibonelo zokutibila kwabazali ngezingane zabo ukuze bathole imfundo engcono okuvezwa ngabazali bakaMdenjana noZanazo okuvula amathuba amaningi okungaba isifundo sezibonelo okungafundwa okuningi kukho. Ukuhamba nezingane zabo ukuya ekholishi kuwuphawu lokukhathalela Kwabazali imfundo yasekholishi yezingane zabo yisifundo kubo uMdejana noZanazo ukwenza okufanayo.Isikhathi samanje kudingeka abazali abazokhathalela imfundo yezingane zabo,iningi labazali elingakwenzi.

Imfundo yamanje enezinguquko ezidinga ukuba usebenzisane nothisha abafundisa ezinye izilimi kulelo banga.Isibonelo I-LLC ,NS ne HSS kanye nezinye ziboshwa ngebhande elilodwa uma kudingidwa ingqikithi eyodwa kepha ezobhekwa ngokuya ngesifundo leso.Incwadi kaMalusi yabika ukuthi akakwazi ukusebenza nabanye abafundi.Isikhathi samanje lokho kubalulekile.Inkani yeseleseie yenza kube lukhuni ukubambisana nozakwenu kwezemfundo.

Noma

6.2.1 . Ukungazwani kwabantu;izintutwane ezilumayo noma into ekuhlupha njalo. (4)

6.2.2 Ngobuphelayo ekugcineni buphele nya bungabisabikho nhlobo.Abukhuli buphuphile. (3)

6.2.3 Ubungani obuhlonipha wonke umuntu, izinto ezibonakalayo zomuntu ongamazi nokufuna ukusiza abantu. (3)

6.2.4 Yebo,niyasizana nokuthembana. (3)

6.2.5 Ukubonisa uthando ukweluleka nokufundisa amasiko nosiko lokuzihlonipha nokukhuthaza intsha. (2)/15/

6.2.6 Umoya wodlame,intukuthelo nenzondo.Ukhumbulani usanda kudalula uXolani ukuthi uyimpimpi lokho kuthukuthelise abalandeli benhlangano yezombangazwe eyayilapho isifuna ukumbulala uXolani.(4)

6.2.7 Ukumsebenza ukusho ukumshaya kuze kufike ezingeni lokumbulala.Bamkhumulisa wabanqunu,wathwala uqwembe olubhalwe ukuthi uyimpimpi,wahamba enqunu ilokishi lonke,wathwaliswa ithayela lemoto nokubhunyelwa ngophethiloli nokokhelwa ngomlilo (3).

6.2.8 Ubunyoka bukaKhumbulani bokuba yimpimpi akhu eshayela uMphemba ucingo ukuthi nguye ofake isiqopha mazwi ukuze abulawe uXolani .Isizathu ngukuthi uXolani wayekhaliphile engqondweni.Esikhathini

samanje abantu abaningi basulelwe ngamacala abangawenzanga baxoshwe nokuxoshwa ngenxa yobunyoka obenziwa ngezimali ezishisiwe.inkohlakalo ebhebhethekayo izigebengu zempela kazitholwa ngenxa yobunyoka. (4)

6.2.9 UXolani umsulwa njengoba ekuveza uKhumbulani ngesikhathi etshela uMphemba. USokhela wayengafanele akuveze kubalandeli njengoba ayewenza wayefanele ukuthi lolu daba luzocutshungulwa kahle yizikhulu abonise ukumxhasa ngokuphelele uXolani Makhanya ngemizamo emihle eyeza ngoXolani ngaphakathi kwenhlangano.Lokhu kuzomnikeza ithuba njengeshoshozelo lokubuka lolu daba ngamehlo amanye hhayi entukuthelo. (4)/15/(30)

## ISIQEPHU A

## COMPOSITION

## UNBUZO 1

A. Ingqikithi – 14

| | |
|---|---|
| 14 – 10 | Kuhle kakhulu |
| 9 – 5 | Kuhle |
| 4 – 1 | Kusezingeni eliphansi |

1. Ukugxila esihlokweni inkazimulo, ubuciko nogqozi Ugxile ngokuphelele esihlokweni – (14 – 10)

2. Ugxile esihlokweni futhi isihloko sihunyushwe ngobuciko – kukhona isinkomba ezivelayo zobuciko (9 – 5)

3. Uphumile esihlokweni kuyantenga ingqikithi engeyiyo. (4 – 1)

B. Isakhiwo – 8

| | |
|---|---|
| 8 – 6 | Kuhle kakhulu |
| 5 – 3 | Kuhle |
| 2 – 1 | Kusezingeni eliphansi |

1) Izigaba zihleleka kahle futhi ziqukethe umqondo owodwa ophelele (8 – 6)

2) Izigaba noma zihlelelekile kubuye kube nemiqondo esigabeni ngasinye (5 – 3)

3) Ubhale wahlanganisa izigaba nemiqonde kuyiphelele (2 – 1)

C. Isitayela – 8

| | |
|---|---|
| 8 – 6 | Kuhle kakhulu |
| 5 – 3 | Kuhle |
| 2 – 1 | Kusezingeni eliphansi |

1) Kukhona amakhono okwethula imiqondo emisha nendaba inobuciko bamakhono (Creative thinking) (8 – 6)

2) Iyimithonselana imiqondo emisha nendaba enobuciko bamakhona kumbalwa kakhulu (5 – 3)

3) Imiqondo emisha nendaba enobuciko bamakhono akukho (2 – 1)

D. Ulimi – 10

10 – 6 Kuhle kakhulu
5 – 3 Kuhle
2 – 1 Kusezingeni eliphansi

1) Ukusebenzisa izinhlobonhlo zemisho ngokuyikho. Inaba yakhekile. Ulimi lusebenza kahle futhi awekho amaphutha (10 – 6)

2) Imisho engaphelele futhi enokuhlangana okuthize. Ulimi lusetshenziswe ngokusezingeni elinaphakathi.

3) Imisho kayiphelele amaphutha maningi. Ulimi alukasetshenziswa kahle. (2 – 1)

**UMBUZO 2**

Isakhiwo sencwadi yobungani

Ikheli = 2
Isibingelelo = 2
Usuku = 1
Isingeniso = 1
Umzimba = 1
Isiphetho = 2

Ulimi 5

5 – 4 Kuhle kakhulu
3 – 2 Kuhle
1 – 0 Kusezingeni eliphansi

1) Ulimi oluhlwabusayo (5 – 4)
2) Ulimi lusezingeni elimaphakathi (3 – 2)
3) Ulimi olusezingeni eliphansi (1 – 0)

Okuqukethwe 7

7 – 5 Kuhle kakhulu
4 – 3 Kuhle
2 – 1 Kusezingeni eliphansi

1) Ugxile ngokuphelele esihlokweni (7 – 5)
2) Akagxilile ngokuphelele kepha kukhona ukunamathela esihlokweni okungekukhulu (4 – 3)
3) Akagxilile esihlokweni kuyasoleka ukuthi uyasazi isihloko (2 – 1)

3.2 Amaminithi Omhlangano

Ukusetshenziswa kolimi (5)
Bhale inkathi edlule (2)
Inkulumo mbiko (1)
Ulimi nokupela amagama ngendlela efanele (2)

Okuqukethwe 8

1) Ugxile kumthetho sisekelo salokho okubhungwa ngakho (8 – 6)
2) Kukhona ukuthemeleza okuthile salokho okubhungwa ngakho (5 – 3)
3) Akukho ukugxila esihlokweni noma lokho okubungwa ngakho (2 – 1)